


UKUFUNDISA NGOMOSE

 Kulungile. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville. Yikusa okuhle, bangane. Kufanele ngikhangele kanye ngesikhatshana ukufumana loba kusekuseni kumbe kuntambama. Awu, ngiyathaba ukuba lapha lokhu kusa. Kulesikhudumezi, futhi ngeqiniso lilokwamukela okuhle. Asiselaso njalo isikhathi sentwasa; silehlobo lobusika lapha, akunjalo na? Yonke into ikhangeleka ukuba ayikho endleleni, ngeyinye indlela.

² Awu, okungenze ngaphuza, ngi—ngihlanza indlu. Futhi bengomile futhi ngisizwa ubuhlungu lokhu kusa. Futhi ngavuka ngilesikhathi esinengi, kodwa angizange nginanzelele ukuthi umfazi ulomsebenzi omnengi kangaka wokwenza, kumele balungise abantwana abathathu balungiselele futhi-ke bahambe esikolweni seSonto. O, minabo! Okunengi kakhulu okokwenza, ukwedlula engangicabanga ukuthi kumele kwenziwe. Futhi ngacabanga, “Awu, manje...” Izolo ntambama ngangisebenza, futhi—futhi ngi—ngiyangena ngiphuma enkundleni zokuvangela...?...Minabo, akusiwo umsebenzi onzima okowubamba na? Hum! nganikela amadola angamatshumi amathathu lanhlanu ngeviki ukuze omunye umuntu akhangele ingane, futhi kwakungela muntu ongakwenza.

³ Umfo wabhala isiqetshana ephepheni lapha kungasikude. Yebo-ke, lokhu kakungeni kulokhu. Wathi wayephezulu lapha, omunye ongazathi ngumpolitiki phezulu lapha eKentucky, wathi wayesebuthweni kabili, walinyazwa kathathu, njengeqhawe, waphila njengesakhamuzi esigabeni, wayeyenze izinto ezinengi, wophula impilo zabantwana ababili, futhi omunye esifudlaneni lomunye kwenye into, ngiyakhohlwa konke okwakufanele akwenze. Futhi ekucineni wacabanga, awu, kwakufanele bagcine isigaba siqondile, wayekhankasela ukuphatha isikhundla. Futhi lapho ekwenza, phakathi kwabantu abalikhulu lenkulungwane, wathola amavoti amahlanu. Wacela omkhulu wamapholisa uba wayengathola umbobho omfitshane osahiweyo ukumsiza ukuba aphume esigabeni, wathi, “Kwakuyingozi ukuhlala lapho edolobheni.” Wayengela bangane abeneleyo ukumsiza aphume edolobheni. Lokho yikubonga kweMelika, loba kanjalo, kayisikho na? Kunjalo. EMelika, okunengi okwenzayo, ukhangelelwa ukwenza okunengi phezu kwalokho. Kunjalo, okunengi okukhangelelwe kuwe.

⁴ Awu, ngifuna ukwedlulisa ukuncoma kwami lokhu kusa ngokuthi lihlanzeke okunganani lokubakahle ibandla

elikhangeleka liyikho. Futhi lapho ngisiza, babelomnyango lapho ukuvumela umoya uhambe ngcono. Ngakho lokho kuhle sibili, loba ngubani okubhodi labaphathi lapha futhi wasiza ukuthi lokhu kwenzakale. Lokho impela kwakukuhle sibili, futhi kungumsebenzi omuhle ohlanzekileyo. Ngicabanga uMfowethu Hall, nxa ngingaphambanisi, ukwenzile. Lowo ngumsebenzi omuhle sibili.

⁵ Manje, sesiphuzile kancinyane, kodwa liyazi ukuthi abantu bobungwele banjani. Bona, akula sikhathi esithile, singabe silaso na, Mfowethu Slaughter, Mfowethu Deitsman? [Abazalwane labanye bathi, “Hatshi.”—Mhl.] Yonke nje into lapho siyithatha nje.

⁶ Saba lemihlangano emihle phansi eNingizimu! Kodwa ngakhuluma kuphela insuku ezinlutshwane ezedluleyo. Ngatshumayela okwenyanga ezine, ilandelana, futhi angizange ngibe lelizwi eleneleyo ngitsho e—elokunyenyeza. Ngasengikhuluma ngezandla kumkami, liyazi, lokho engangikufuna, futhi kungazathi yi . . . Futhi-ke emva kwalokho, futhi ngiphenduka phezulu lapha lapho okwaba khona uhlobo lomkhathi okhohlisayo ebesilawo, (ngani, usuku olulodwa kuyaqanda futhi olulandelayo lutshise.) Ngabanjwa sibili, ngumkhuhlane womvimbano wesikhathi sakudala sibili. Futhi ngasukuma, insuku ezimbalwa ezedluleyo, futhi waqala njalo. Futhi-ke silokubonga kakhulu eNkosini elungileyo, loba kunjalo, kukho konke ukulunga Kwakhe lesihawu kithi, futhi—futhi lokuthi Ube muhle kanjani. Sibe lemihlangano emangalisayo phansi lapho, futhi iNkosi yasibusisa ngokwedlulisileyo, ngobunengi.

⁷ Futhi ubusuku obedluleyo, phose phakathi kobusuku, uMfowethu Wood wangibizela endlini yakhe, loMfowethu Arganbright efonini, efuna ngiqalise eSwitzerland. Ngakho, kuthatha okunengi emuntwini omdala.

⁸ Ngakho, manje, imhlangano yethu elandelayo iqalisa ngosuku lwetshumi lanye lwalinyanga ezayo, eCadle Thabhanekeli eIndianapolis. Khona e—eCadle Thabhanekeli eIndianapolis, kusukela ngosuku lwetshumi lanye kusiya kweletshumi lanhlano. Futhi-ke, kusukela lapho, usiya e—eMinnea-. . . Minneapolis; kusukela eIndianapolis kusiya eMinneapolis, Christian Business Men.

⁹ Manje ngicabanga uMfowethu Neville ungibizile, futhi bengifuna ukutshengisa okwami. . . ukutshengisela ukuthakazelela kwami kuye laboNeville abathathu abeza phansi futhi bangihlabelela kuleyomfa, engangilayo kuthange. Futhi ngacela uMfowethu Neville; bekungela abahlabeleli, imuli kaLiddick; lapho uMnu. Liddick wayehambe eKhaya eNkazimulweni. Futhi mina ngeqiniso. . . nxa indodana yakhe, angimboni lapha; futhi ngafumanisa ngemva kwesikhathi

ukuthi kwakungasiyo ndodana ayizalayo. Esazi ubaba wakhe wayesifa, engasindiswanga, wagijima ngekhaya ukungithatha, ngaphambi kokuba yena...lobaba wakhe wasindiswa engakafi. Ngakho into enkulu kakhulu lowo mfana ayenzayo, kwakuyikuthatha omunye umuntu ukukhulukela ubaba wakhe engakahambi. Futhi aboNeville abathathu beza phansi futhi babahlabelela kamnandi sibili.

¹⁰ Futhi-ke uMfowethu Neville wangicela uba ngingakhuluma lokhu kusa lalintambama, futhi. Ngakho uyananzelela, uMbhalo uthi, “Cela ngobunengi ukuze wena...” Ngakho uMfowethu Neville ngeqiniso useMbhaweni kulezo zinto, kakhulu! Futhi-ke ngizakwenza ubungcono bami.

¹¹ Manje, ngikhulumile lokhu kusa, njengoba kuluSuku lukaMama, futhi sifuna ukukhuluma kuba—kubantwana abancinyane ebandleni. Ngicabange lokhu kusa kuzakuba yisikhathi esihle e—ebantwaneni abancinyane. Manje ngicabanga ukuthi usuku lukamama...

¹² Manje, akula lutho olungabamnandi emhlabeni, esazi ngakho, ukwedlula isibili, umama oqotho. UNkulunkulu abusise umphefumulo wakhe oliqhawe, oqotho, umama oqotho. Kodwa banengi abangayisibo lamuhla aba—ababizwa “mama,” abangayisibo mama; ngabafazi nje abalabantwana, kodwa bengayisibo umama. Umama wohlobo oludala ngulowo onakekela imuli yakhe, futhi engalali phandle kulezi ndawo zokuphumula kuzo lemidanso, futhi ubusuku bonke, bebhema, benatha, bangene. Akalifanelanga lelo bizo elihloniphekayo likamama. Ungumfazi nje, yikho kuphela, okhulisa umntwana; kodwa kungeyisuye umama, ngoba *mama* kulomutsho owahlukileyo kukho. Manje ngi—ngicabanga nxa wena...

¹³ Manje, kuSuku lukaMama, ngifuna ukuzichaza kahle sibili. Ngilomama osemdala olekhanda elimpunga ohlezi lapho, ngokwami. Futhi ngiyacabanga, usuku, kulungile; kodwa nsuku zonke kufanele kube lusuku lukamama, hatshi kanye nje ngomnyaka. Futhi isizatho lezizinto zoSuku lukaMama zisiya phambili manje...

¹⁴ Futhi ngiyabona silabayingosana, futhi siyazana sonke munye ngamunye. Singabantu bangekhaya, futhi yiso isizatho sizakukhuluma ngalindlela.

¹⁵ Ngicabanga ukuthi umama kumele ahlonitshwe nsuku zonke ngokufanayo, kunjalo, umama oqotho. Futhi, kodwa lolu usuku balubiza uSuku lukaMama, alusilutho emhlabeni kodwa omkhulu umbhedo wokuthengiselana, ukuqedela nje abantu imali. Futhi kulihlazo kumama, uSuku lukaMama, okuba kanye ngomnyaka, “Awu, asihambi ukuyambona, kodwa siyamthumela ihlukuzo elincinyane lamaluba futhi lokho kuyayiqeda indaba.” Lowo akasuye umama! Minabo, bakithi! Umama uqobo ngowesifazana lowo wena...lowo

owakukhulisayo, futhi uyamthanda, futhi uyambona futhi ukhulume laye sonke isikhathi. Uyabonakalisa uthando lwakho kuye isikhathi sonke, hatshi nje usuku olulodwa emnyakeni.

¹⁶ Kodwa nje ngingakaqalisi umdlalo wami omncinyane, ngizathanda nje ukuchaza lokhu, futhi ngivuselele. . . Abanye benu, abanengi benu sebafa, abanengi babo abasekho selokhu kuzenziwa lokhu. Kwakungo 1933.

¹⁷ Like labona ephapheni ubusuku obulutshwane obedluleyo lapho lowo mfazi wabulala leyondoda? wamphosela phandle okuhamba khona imota yakhe ebuyela emuva laphambili emgxoba ngemota yakhe waze wamchoboza phezu komgwaqo. Futhi bathi, a—amagqwetha lokunjalo, athi, “Lokho akucali isazela sakho?”

Wathi, “UNkulunkulu lami sesidinwa ngendlela abafazi abaphathwa ngayo.” Huh! Yebo, uyisithombe. Kunjalo. “Sesidinwa.” Sizehlisele phansi okunganani lesi sizwe? Singaya kude kanganani singela kwahlulelwa kwaPhezulu, ngiyamangala? “UNkulunkulu lami”? Uba uNkulunkulu wayelecala lawo wonke umbhedo obekwa phezu Kwakhe, Wayengeke abenguNkulunkulu, yikho kuphela. “UNkulunkulu lami”? Minabo! UNkulunkulu kala lutho lokwenza lokunjalo. Ngingazi lapho esephetsheya ekuhlukuluzweni, ukuthi uzakucabanga njani ngakho lesosikhathi? Oh!

¹⁸ Melika! Manje likhumbule, nxa lingabhalanga lokhu phansi, kubhaleni phansi. Lesi yisibikezelo sami. Bona? Ngo 1933, lapho sisiba lenkonzo phansi lapha lapho endala, Ngiyakholwa iChurch of Christ ilapho manje, yayivame ukuba ngendala. . . Kukhona lapha, Mfowethu Neville, khona kanye phansi. UCharlie Kern wayevame ukuhlala lapho. Kuyini khona. . . Ikhaya lezintandane ngapha eMeigs Avenue. Ngo 1933, ngisanda kuthola nje iFord ka1933, futhi ngayinikela ngalokho kusa eNkosini. Futhi, ngingakasuki ngekhlanya, ngabona umbono. Ngilawo ubhaliwe, iphepha elidala elilubala lwethanga lilokhu lilindlele eBhayibhilini. Ngabona isikhathi sokucina sisiza.

¹⁹ Futhi, lina, bangaki abangakhumbula ukuthi imota ka '33 yayikhangeleka njani emuva ngale? O, yayingathi iphume phandle *kanje*, futhi iphakeme ngemuva, futhi yehliselwe phansi ukuze ivili lesipeya lilengiswe khona. Ngabona umbono, ukuthi, “Ngaphambi kokuBuya kweNkosi, ukuthi izimota zizakhangeleka njengeqanda.” Bangaki abakhumbula leso sibikezelo? Ukhona osaseleyo phakathi lapha? UMfowethu Seward kasekho. Futhi ngiyathemba. . . Kwakungo 1933 lapho sisiba lezinkonzo khona lapha. Ngiyacabanga nje phose bonke abasekho manje, kusukela lapho.

²⁰ Futhi ngabikezela, ukuthi, “IMelika, unkulunkulu wabo wokuqala uzakuba ngumfazi.” Yikho lokho okuyikho. Yonke into isilungisiwe ngokwendlela yeHollywood. Ngilezinto

kurekhodi ezivela kuFBI ezingalethusa libeyizihlephu nje—nje ukulitshela, khona lapho...Futhi lamazwi amabi kulezi ngcwethi zemidlalo, akula loyedwa wabo, kanzima, kodwa lokho okuyizifebe. Futhi iFBI yakuveza obala khona nje manje. Ngilakho kuvela emaphepheni abo. Futhi-ke bonke babo bephila phandle, lalezi ngcwethi zamabhayisikopo, lapho atshengisa khona, bahamba futhi baya bathatha, bephila lamadoda, amatshumi amabili lanhlano lamadola angamatshumi amahlanu ubusuku bunye, indoda, bonke phezulu laphansi, eHollywood layo yonke indawo, babelamakhaya abo ensitha futhi amadoda ngemuva phakathi lapho ababebathumela phandle kulababantu. Futhi yikho lokho esikhangela kikho, itelevisiyo, futhi—futhi phandle lapha kulawa amaskrini lezinto futhi siyekele abantwana bethu bebiza lokho isithombe. Futhi-ke ubize lokho *mama?* Lokho kukude lokuba ngumama. Leyo yingcekeza. Yikho kanye. Futhi kukanti babeka isibonelo sosuku. Sibavumele...uhlobo lwezigqoko abazigqokayo, khangela abafazi beMelika begqoka khona kanye njengabo, layo yonke into. Sibili. Futhi unkulunkulu weMelika ngumfazi. Hatshi uJehova; sebefulathele kuLokho. Hatshi kumama manje, manje beka lokho eceleni, yinto ehloniphekayo esizakhuluma ngayo; kodwa ngitsho *umfazi*.

²¹ Futhi, khumbula, ngiyabikezela lokho ngaphambi kokutshabalaliswa okukhulu okuphelelyo, lokho angitsho ukuthi iNkosi ingitshela lokhu, kodwa ngiyakholwa kuzakuba lenye into ezakwenzakala phakathi kwamanje kumbe kuleso sikhathi ngo '77. Kungabuya kulelihora. Kodwa phakathi kwamanje lo '77, Ngiyabikezela ukuthi loba ukubhujiswa okukhulu kumbe ukutshabalaliswa okuphelelyo komhlaba wonke, phakathi kwamanje lo '77.

²² Ngakubikezela, ngo1933, Ngabikezela ukuthi abafazi bazaqhubeka besiba lokonakala kwembeko lesizwe sizaqhubeka sisiwa, futhi bazaqhubeka bebambe kumama, kumbe njengomama njengalokho, baze babe, umfazi abeyisithombe. Futhi emva kwesikhatshana, ukuthi, “IMelika izabuswa ngumfazi.” Kubhaleni futhi libone uba kungayisikho. Umfazi uzathatha indawo kaMongameli kumbe enye into, enkulu, amandla amakhulu eMelika.

²³ Lapho, ngisitsho lokhu ngenhlonipho, makhosikazi, lapho umfazi ephuma ekhitshini, ungaphandle kwendawo yakhe. Kunjalo. Yikho lapho okumele abekhona. Ngaphandle kwalokho, akalandawo. Futhi manje, kangilukhuni kibo, kodwa ngikhuluma nje lokho okuliQiniso lalokho iBhayibhili... Kwakuvame ukuba yindoda eyayiyinhloko yendlu, kodwa lokho kwakusensukwini zeBhayibhili. Akaseyiyo futhi. Ungudoli, kumbe uyi...kumbe umlizane kumbe enye into. Futhi manje, hatshi, bafuna ukunakekela izinja, bevala ukuzala, futhi

bahambe bethwele injanana endala engalweni zabo isikhathi sonke, ukuze ugijime indawo yonke ubusuku bonke.

²⁴ Angi—angikhulumi ngomama. UNkulunkulu ababusise. Yikho okubambe isizwe ndawonye manje, phakathi laphakathi, ngoqotho, olungileyo, ohloniphekayo, umama osindiswe nguNkulunkulu. Kunjalo.

²⁵ Kodwa ihlazo lokuthi njani abesifazana bethu sebehliselwe phansi ngakho! Ngithole isiqephu ephepheni, engasiquma emva kwaliMpi yoMhlaba yokucina, yesibili, esathi, “Kuyengaphi ukuziphatha kwabafazi beMelika, okokuthi, emva kwenyanga eziyisithupha phetsheya kolwandle, amane phakathi kwamahlanu amasotsha ahlukana labafazi babo, futhi basebethathene lamanye madoda?” Futhi kabakwanisanga ngitsho lokuthi babalindele ukubuya bevela phetsheya kolwandle, amasotsha khona-le esifa enkundleni yempi! Lowo muntu owenza lokho akafanelanga ukubizwa ngokuthi umama, lelobizo elihloniphekayo. Hatshi, akusikho. Ngakho ngihlezi ngibizwa ngokuthi “ozonda abafazi,” kodwa kangisuye. Ngicabanga umfazi uyinto emangalisayo, futhi umama, ikakhulu. Kodwa kumele babe izindawo zabo futhi bengathathi indawo yendoda, futhi bengathathi indawo kaNkulunkulu.

²⁶ Futhi lokhu kusa ngezwa ibandla lobungwele lisithi, ukuthi, “Umama ubusa izinkanyezi zeZulwini,” lakho konke lokhu. Ngiyacabanga amaKatolika akwenza lokho entombini uMariya, lokunjalo njengalokho, lokho, okokukhonza bona abafazi abafileyo, uCecilia oNgcwele lakho konke kanjalo, okuluhlobo lwaphezulu lwamadlozi. Yikho lokho okuyikho. Loba yini okunxusa kwabafileyo ngokwamadlozi. Ngakho, kulomMeli oyedwa kuphela phakathi kukaNkulunkulu lomuntu, futhi lowo nguKhristu Jesu. Kunjalo. Akula omunye ongcwele, akulalutho ngaphandle kweNkosi uJesu Khristu nguye Yedwa kuphela OngumMeli phakathi kukaNkulunkulu lomuntu. Kodwa lapho ngibona amabandla, lokuya ngemuva kwephuluphithi, bonke ubungwele bususwe kuKhristu futhi baphiwa kumama, bonke ubungwele bususiwe, khona-ke—khona-ke besebeqala futhi nanko-ke.

²⁷ Ngakho, kodwa kulomama oqotho oseleyo. Dumisani uNkulunkulu! Njengalapho ubona umzencisi; kulomKhristu oqotho ophila impilo sibili. Lapho usiba lokuhle, ulokubi. Kunjalo sibili. Futhi manje, lolohlobo lukamama lalohlobo lomntwana, sifisa ukukhuluma mayelana ngakho manje eBhayibhili.

²⁸ Manje angazi, bangaki abafana abancinyane lamankazana esilabo lapha lokhu kusa? Nxa lizwe uMfowethu Neville esakaza izolo... Bangaki abafana abancinyane lamankazana abangathanda ukubuya phezulu lapha futhi bahlale esihlalweni esiphambili lapho ngikhuluma lani? Lingathanda ukubuya

phezulu lapha? Kulesisodwa, ezimbili, ezintathu, ezine, izihlalo ezinhlanu lapha; esinye lapha, ziyisithupha, futhi lezinye izihlalo ezincinyane ngalapha. Lingathanda ukubuya phambili, abanye benu lina bafo abancinyane lingahamba lingela bomama benu, futhi lingathanda ukubuya phezulu lapha? Liyemukelwe kakhulu! Omama buyani. . . [UMfowethu Neville uthi, “Banengi; abanengi babo ekamelweni lesikolo seSonto.”—Mhl.] O, basekamelweni lesikolo seSonto. Awu, lokho kuhle. Sizalinda okwenzuzo emilutshwane, futhi sibe sikhuluma, futhi bazakuba sebephumile ngemizuzu emilutshwane. Futhi sizakubuthana nje ngalapho, amehlo amancinyane amadala amnyama, ansundu, lalubala lwesibhakabhaka, phezulu lapha, futhi—futhi sikhulume komunye lamunye wabo. Manje, bangaki abathanda iNkosi? Wothini, “Ameni.” [Ibandla lithi, “Ameni!”] Kulungile.

²⁹ Manje ngifuna ukukhuluma kubomama labantwana, futhi kuqondiswe kibo.

³⁰ Lobubusuku, nxa iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngesimanga sokuqala uJesu asenzayo, futhi lokuthi senziwa njani, langamandla aphi, lokuthi Wenzani lapho Esenza Okwakhe. . . Bangaki abakwaziyo ukuba yisiphi isimanga sokuqala Asenzayo? Sikhulumeni, kanyekanye: “Waphendula amanzi aba yiwayini.” Kunjalo, isimanga sokuqala Asenzayo. Manje, nxa iNkosi ithanda. Lapho ngisataditsha, lokhu kusa, kwafika nje engqondweni yami.

³¹ Ngiyabona silomngane wethu omuhle, uMnu. loNkz. Yeker ngemuva-le, ngiyakholwa, lokhu kusa. Ngenze ukubanzelela lapho ngitshibilika ensikeni ngalindlela. Ngolunye usuku ngahlolwa; kufanele ngizigcine ngilungele ukuhlolwa ngomsebenzi waphetsheya kolwandle. Futhi, lapho ngiphuma, ngubani engahlangana laye kodwa uMnu. loNkz. Yeker, behlezi phandle lapho ewofisini—ewofisini.

³² UDkt. Schoen, eLouisville, umzalwane omuhle ongumKhristu. Ngiyakutshela, ngahlangana lendoda sibili lapho, eqotho eyayikholwa kuNkulunkulu futhi afake ithemba lakhe lapho. Liyazi ukuthini? Ngizalitshela. Ngithola odokotela abanengi bekholwa yikusiliswa nguNkulunkulu ukwedlula engikwenza abatshumayeli. Kunjalo. Ukhuluma labo. Wathi, “Impela.” Futhi lapho e. . . Lapho ngisiyasuka, wathatha isandla sami, wathi, “Mfowethu Branham, wenzela abantu okunengi kulalokho engingakwenza.” Wathi, “Kunjalo.” Wathi, “Ungasiza abantu labo engangingeke ngibabambe.” Wathi, “Kunjalo.”

³³ Ngathi, “Awu, ngoba, ungathunga, kumbe uhlanganise ithambo, kumbe enye into enjengaleyo. Kodwa uNkulunkulu nguye osilisayo.”

³⁴ Wathi, “Lokho kuqondile.” Ameni. O, ngithanda ukubona abantu abalengqondo ezibanzi, abantu abacabanga

okulengqondo. Ngicabanga ngokuhlinzwa, labodokotela bemithi, losebenza ngokwemizwa engasebenziyo, okhangele ngamathambo lemisipha, ukusiliswa nguNkulukulu, futhi konke ndawonye, nxa loba yikuphi kwalokho okungasiza umuntu, ngivumelana lakho. Futhi lapho uthatha udokotela acale umtshumayeli; umtshumayeli acale udokotela; futhi obona ngamathambo lemisipha acale—acale ohlinzayo; ohlinzayo acale udokotela wemithi; ungakucabanga lokhu, kulenjongo yokuzifunela okwakho kwenye indawo. Kunjalo, ngoba munye lamunye wabo ufakazile ukuthi uyasiza omunye umuntu. Kunjalo sibili.

³⁵ Manje into yakho yikuthi, ngiyacabanga, nxa injongo yethu ilungile, lenhliziyo zethu zilungile ebantwini, kufanele sisebenze sonke ndawonye ukusiza omunye wethu, ukwenza impilo elula. Futhi—ke injongo zakho azila kuzifunela okwethu, usipha udumo kuNkulunkulu Opha izinto zonke kungela mbhadalo. Amen. Yebo, mnumzana. O, akufanelanga ngitsho sibe lokuzifunela okwethu loba ngaphi; kufanele kube ngokupheleleyo.

³⁶ Nxa obona ngokwemizwa engasebenziyo engasiza *lokhu*, lobona ngokwamathambo lemisipha asize okunye *lokhu*, ohlinzayo asize okunye *lokhu*, futhi enye into isize *lowo* omunye, asikhulekeleni khona konke, ameni, ukuthi uNkulunkulu uzanceda abantu Bakhe abathandekayo ukuba basile lokujabula. Ngoba, asilasikhathi eside ukuhlala lapha, nje okwensuku ezinlutshwana sisemgwaqweni, sesihambile kwenye indawo. Ngakho lokho esizama ukukwenza yikwenza impilo nje ibelula kancinyane ukuze ubelesikhathi esingcono lapho usaselapha. Amen.

³⁷ Manje phezu kwalumcabango, kasikhothamiseni amakhanda ethu singakavuli iBhayibhili, futhi sikhulume loMsindisi wethu othandekayo.

³⁸ Baba wethu olomusa, OseZulwini, siyabuya ngokuzehlisa lokhu kusa ebuKhoneni Bakho, futhi sikubonga Wena phezu kwento yonke eyake yaba khona emhlabeni, kumbe ezakuba khona, ngeNkosi uJesu Khristu. Ngoba, Nguye Yena Owaletha umuntu loNkulunkulu ndawonye, futhi wasibuyanisa thina esihawulayo esingafanelanga, abezizweni abangela bunkulunkulu, kude loNkulunkulu, ngo—ngokukhetha, kwethu, sathatha ukhetho lwethu futhi saya kude Laye. Futhi Wayelungile kangako ukubuya, futhi lapho sasingathokozisi kuNkulunkulu, lapho sisaseyizoni, kude loNkulunkulu, Wasibuyisanisa sabuyela kuBaba, ngokuchitheka kweGazi Lakhe uQobo.

³⁹ SiKubonga kanjani Ngaye! Futhi lamuhla uma njengoMmeli, yena Yedwa kuphela phakathi kukaNkulunkulu lomuntu, Ongenza umkhuleko ufike eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngepulathifomu yeGazi lakhe uQobo

lelo Alichitha emhlabeni kusiya eNkazimulweni. Wabuya kulumhlaba ngendlela yesibaya, wazalelwa esitebeleni. Waphuma emhlabeni, ngesijeziro sokubulawa. Umhlaba awuzange uMfune. Izulu lalingeke limaMukele, ngoba Wayeyisoni, Wayelezono zethu phezu Kwakhe. Umhlaba wawungaMfuni. BaMlahla, “Sukani eMuntwini onjalo!” Wayelayo ngitsho... wayengela ngitsho indawo yokuzalelwa, kumbe indawo yokufela. Futhi Walenga phakathi kwamaZulu lomhlaba; Izulu lalingeke limaMukele, futhi umhlaba wawungeke ube Laye. Futhi Wafa, kungenani, ukusisindisa esonweni, ukusisilisa imkhuhlane yethu, ukusinika intokozo lokuhlala okuhle lapho sisaselapha emhlabeni. KunguMsindisi bani! O, siKubonga kanjani Ngaye!

⁴⁰ O Nkulunkulu, makuthi ukukukhonza kwenhliziyo yethu kuthululwe Kuye, futhi Kuye kuphela. Makuthi yonke inhlonipho lokukhonza, yonke into evela endebeni zethu kumbe inhliziyi, makubekwe phezu Kwakhe Ofanele konke, Yena Lowo ohleli phezu kwesiHlalo sobukhosi ngolunye usuku, eleBhuku esandleni Sakhe. Akula muntu eZulwini kumbe emhlabeni owayefanele kumbe esenelisa ukukhangela eBhukwini, kumbe ukuqhaqha iMpawu ezaZinamekile. Futhi leliWundlu elahlatshwayo, isisekelo somhlaba, leza, laLithatha esandleni Sakhe, lavula iMpawu futhi laqhaqha a—amaZwi, ebantwini.

⁴¹ Futhi, Baba, siyakhuleka lamuhla ukuthi uMoya Wakhe oNgewele uzakuhlula inhliziyi zethu kubo bonke ubumnyama bawo, ukhululule ulimi lwethu kukho konke okubi, thethelela zonke izono zethu, futhi ususe bonke ubumnyama, futhi ngena enhliziyweni zethu lokhu kusa.

⁴² Futhi ikakhulu laba abantwana abancinyane, Nkulunkulu, babusise lapho behlezi lapha lokhu kusa kanye lomama wabo othandekayo. Nkulunkulu, siKubonga kanjani ngobumama, ngabafazi abaqotho! Phakathi kwabo bonke ubumnyama lokukhonza izithombe, lokungecola lokubola komhlaba, kukanti silabeqiniso, omama abaqotho. SiKubonga kanjani ngabo! Abatsha labadala, bonke ngokufanayo, siyaKubonga, Baba, ngobumama obuqotho. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzababusisa.

⁴³ Sibona, sihlezi lapha lokhu kusa, abanengi babafowethu labodadewethu begqoke amaluba amhlophe kumbe alephunga elimnandi lamaluba, kusitsho ukuthi umama wabo ongewele othandekayo usechapele ngaphetsheya kweveyili, ngakwelinye icele; engafanga, kodwa ephila nini lanini. Ngolunye usuku bazakuza, labo, phansi emfuleni, futhi lapho bazakumbona njalo, kwelinye icele. Abanengi bagqoke amaluba abomvu, umama usasekhona lapha. SiyaKubonga ngalokho.

44 Siyakhuleka ukuthi Uzakusibusisa ndawonye lapho sitaditsha iLizwi Lakho, ngoba siyakucela khona eBizweni likaKhristu. Amen.

45 Manje iNkosi ilibusise. Futhi siyaqala khona phakathi eLizwini lokhu kusa. Manje, kuqala, ngaphambi kwalumdlalo omncinyane, ngicabange ngabomama labantwana abancinyane. . . Futhi mhlawumbe bangangizwa, ngoba linto ilezwi sibili. Futhi ngizakupha umdlalo omncinyane, ngoba benginanzelela manje inkonzo zami, kwezinye izikhathi imidlalo iyasiza kakhulu. Alicabangi njalo? Abafo abancinyane bakuzwisisa ngcono. Ngikhangele abathile abancinyane, abafana abalamehlo akhazimulayo abahleziyo, bengikhangele manje, abazakuba ngamadoda akusasa nxa kulekusasa.

46 Futhi manje singakabi lomdlalo, kumbe loba yini okunye okwenzakalayo ebandleni, kumele kube lesisekelo seBhayibhili. Amen. Kumele kubeyisisekelo seBhayibhili. Kuqala, kasivuleni sonke kuMathewu, isahluko 16 lendima 25, futhi sizabala indima lezi. Kuqala, lapho sibala, silungiselela, mhlawumbe ngaleso sikhathi abafo abancinyane bazakube sebephumile. Manje uMathewu 16:25, siyabala lokhu:

Ngoba loba ngubani othanda ukusindisa impilo yakhe izamlahlekela: kodwa loba ngubani olahlekelwa yimpilo yakhe ngenxa yami uzayithola.

47 Manje, lowu nguMbhalo oqakathekileyo kakhulu. Asibaleni sonke lokho ndawonye. Lithini na? Wonke umuntu, abantwana abancinyane labobonke, ndawonye manje. [UMfowethu Branham lebandla babala uMbhalo olandelayo kanyekanye—Mhl.]

Ngoba loba ngubani othanda ukusindisa impilo yakhe izamlahlekela: kodwa loba ngubani olahlekelwa yimpilo yakhe ngenxa yami uzayithola.

48 Liyazi, bafana lamankazana, futhi ngiyazi abadala bazakholisa lokhu njengalokho abantwana abazakwenza. Kodwa, lowu Mbhalo uqakathekile kakhulu! Futhi eminye iMbhalo iqakathekile kangako ukuthi uNkulunkulu uyibeka kuwo wonke amaVangeli womane: uMathewu, uMakho, uLuka, loJohane. Kodwa, lokhu kwakuqakathekile waze Wakubeka kasithupha eVangelini! Kasithupha lokhu kwavela endebezi Zakhe uQobo, uJesu.

49 Manje kuMakho, sizavula khona lapho, esahlukweni 8 sikaMakho, futhi siqale ngendima 34, futhi ngizabala okunye lapho. Futhi ngifuna ukuthi linanzelele lapha njalo, kanye nje ngokuya phambili okuncinyane kwalokhu lapho uJesu akukhuluma khona. Futhi khumbula, Ukubeka kasithupha eVangelini, ukuze kuqiniseke! Okubili yibufakazi, kodwa Wakubeka kathathu lokho, bona, ukuze kuqiniseke ukuthi lizakukhumbula.

Futhi lapho ese—lapho esebabizele kuye abantu labafundi bakhe futhi, wathi kubo, Loba ngubani ozabuya emva kwami, makuthi azidele, . . . athathe isiphambano sakhe, futhi angilandele.

⁵⁰ Manje, omunye wabatoliki wabeka, “Akathathe isiphambano sakhe futhi aNgilandele nsuku zonke.” Manje, manje indima 35. Lalelani:

Ngoba loba ngubani othanda ukusindisa impilo yakhe, izamlahlekela; kodwa loba ngubani olahlekelwa yimpilo yakhe ngenxa yami levangeli, uzayisindisa.

Ngoba kuzamsizani umuntu, nxa ezuya umhlaba wonke, kodwa alahlekelwe ngumphefumulo wakhe?

Kumbe umuntu uzanikani kube lihlawulo lomphfumulo wakhe?

⁵¹ Manje kasithatheni lindima 35 futhi siyicaphune ndawonye manje. Kulungile. Manje asikukhulumeni kanyekanye. Sizakuthatha uMakho 8:16, manje asiyikukhulumeni kanyekanye; Makho 8:16, uxolo, uMakho 8:16, 35. Hatshi, ngikuthole ngokungayisikho manje. Makho 8, lingixolele. UMakho, uMakho oNgwele, isahluko 8, indima 35. Manje kasiyizameni. UMakho oNgwele, isahluko 8, indima 35. Manje sesiyitholile. Kasiyibaleni. [UMfowethu Branham lebandla babala uMbhalo olandela kanyekanye—Mhl.]

Ngoba loba ngubani othanda ukusindisa impilo yakhe, izakumlahlekela; kodwa loba ngubani olahlekelwa yimpilo yakhe ngenxa yami langenxa yevangeli, . . . uzayisindisa.

⁵² Lokho akumangalisi na? Manje, sizakungena ngendaba yethu encinyane, futhi lapho abantwana besiza bazathatha indawo zabo. Ama asha libakhangele lapho be, ngokuthula . . . libone nxa lingabathola bona khona lapha, lapho sithatha lokunikeza indaba yethu. Sizakusekela lokhu, lokhu kusa, phezu komdlalo. Lami, isikhathi esinengi, lapha insuku ezinlutshwana ezedluleyo ngi . . .

⁵³ UMfowethu loDade Wood babe lami, ngiyakholwa, phezulu khonale emhlanganweni wokucina, futhi ngangikhuluma ekuDleni kwasekuseni kwamaChristian Business Men. Futhi ngapha umdlalo omncinyane kaZakhewu khona e . . . phezulu esihlahleni somsikhamo, futhi, lapho uJesu esiza lapho, futhi lokuthi wathatha njani ibhimu lengcekeza, liyazi (futhi sakuzekelisa), futhi wakhwela esihlahleni, ukubona uJesu; usomabhizimusi ehlezi phezulu esihlahleni, liyazi, ecatshele uJesu. Futhi uJesu akazange abekwazi lapho ayekhona, sengathi, liyazi. Futhi-ke wathi, “O, bayangitshela ukuthi iNdoda leyo iyazi izinto futhi ingazikhuluma ngaphambili izinto, futhi uyazi lapho inhlanzi eyayilendibilitshi

khona. Angikukholwa.” Futhi uJesu weza khona ngaphansi kwesihlahla. Futhi wathi, “O, Angeke angibone, ngihlezi phezulu esihlahleni.”

⁵⁴ UJesu wama futhi wakhangela phezulu, futhi wathi, “Zakhewu, yehla phansi.” Akazange abekwazi kuphela ukuthi wayephezulu lapho, kodwa Wayesazi ukuthi wayengubani.

⁵⁵ Ngakho ngicabanga umdlalo omncinyane kwezinye izikhathi uyanceda abantu abadala, abafana abadala lamankazana, okufanayo labatsha.

⁵⁶ Ngakho manje ungangibuza, emva kokuba lokhu sekuphelile, “Mfowethu Branham, uluthola ngaphi ulwazi lolu lwabantu laba lamabizo?” Abanye babo, ngangcedwa ngumngane wami omuhle, uMfowethu Booth-Clibborn. Lomunye, ngoJosephus, owezembali omkhulu. futhi-ke amabhuku phezu kwezembali engayibalayo, yalesisenzakalo, lokunjalo. Futhi yiyo indlela engithola ngayo ulwazi lwami kulokho esizakupha emdlalweni lokhu kusa, ngalokhu.

⁵⁷ Ngiyabona abancinyane bethu sebephuma manje, futhi okwalindaba lokhu kusa esizayipha. Manje lina bafana abancinyane lamankazana, nxa lingenelisa, bonke abafunayo, wozani khona lapha phezulu phambili. Silezinhlano kumbe eziyisithupha izihlalo ezingela bantu. Nxa lingathanda ukubuya phezulu lapha, singathokoza ukuba lani. Bayangena nje ngesikhathi somdlalo omncinyane phandle lapha.

⁵⁸ Futhi manje yiyo indlela engibuya ngayo ukuzuza lolulwazi, indlela engikufumana ngayo. Omunye angadobha futhi athi, “Awu, angibalanga leyo ngxenye eBhayibhili.” Kodwa, nxa ungazange ukwenze, imbali yakudobha, liyabona. Ngakho konke kuyindaba efanayo, kuphela nje kuphiwe nge-nge-nge-simo somdlalo omncinyane.

⁵⁹ Futhi, ngakho, yikho lokho! Yikho lokho! Lowo ngumfowenu omncinyane? O, ufana lawe sibili! Futhi ungumfana olungileyo. Ungabona nje sibili ukuthi unjalo. Kulungile.

⁶⁰ Manje ufuna ukubuya phezulu lapha futhi ahlale phansi lapha? Kulamabili amankazana amancinyane, kumbe amathathu amankazana amancinyane. Minabo, lokho kuhle nje kakhulu! Manje ngifuna . . . Lindaba encinyane lokhu kusa ngeyamankazana amancinyane labafana. Nkosazana Collins, ngiyakholwa nguwe lapho, lomunye udade omncinyane; ufuna ukuhamba khona lapho, sithandwa, futhi uhlale phansi. Yebo, ngiyakholwa kulendawo khona lapha, nxa ikhosikazi linga-lingasusa ibhuku lakhe lesikhwama elincinyane. Futhi—futhi-ke ngalapha kulezinye izihlalo ezimbalwa ngalapha.

⁶¹ Ngifuna bonke laba abafana abancane lamankazana phezulu lapha phambili, ukuze ngikhulume labo. Lapha, lapha

silezinye izitulo lapha. Siyabona nje ukuthi liyathola izitulo. Yebo, mnumzane. Abanye babo bazasisiza khona lapha. Ngakho, sifuna lokhu kube kulabo bafana abancinyane lamankazana. O, minabo! Akukuhle lokho na? Manje lokho . . . Ngiyakholwa kuzamele kube lezinye ezinengi kancinyane, Mfowethu Neville, ngibona ezinye ezinlutshwana zisiza phansi. Futhi manje lokho kuhle nje!

⁶² Bangaki omama abalapha? Phakamisa isandla sakho. O, lokho kuyamangalisa! Manje, lokho kulungile nje futhi kuhle.

⁶³ Manje nxa lina mankazana amancinyane elisemuva lifuna ukuza phezulu lapha, wozani khona ngaphambili, nxa libadala okweneleyo ukuba khatshana lomama. Futhi umama ufuna ukuliletha phezulu lapha, awu, mtshele ukuthi abuye khona. Kungokukamama, futhi. Kulungile, manje.

⁶⁴ Ngiyalitshela, bantwana, sibale nje indima. Lingathanda ukuyicaphuna kanye lami na? Lingathanda ukucaphuna lindima kanye lami na? Manje, itholakala kuMathewu oNgcwele, isahluko 16 lendima 25, lokho esizakhuluma ngakho. Manje laba abancinyane . . . Wonke umfana omncinyane lenkazana, lokhu kusa, kucaphuneni lokhu kanye lami manje: [Abafana lamankazana bayalandelela emva kukaMfowethu Branham—Mhl.] Bathi, “UMathewu oNgcwele, isahluko 16, indima 25.” Manje caphunani kanye lami: “Ngoba loba ngubani ozasindisa impilo yakhe izakumlahlekela; futhi loba ngubani olahlekelwa yimpilo yakhe ngenxa Yami uzakuyisindisa.” Uzakuyisindisa. Masikukhulumeni njalo: “Loba ngubani ozalahlekelwa yimpilo yakhe ngenxa Yami uzakuyisindisa.” Kuhle!

⁶⁵ Manje, bafana lamankazana, liyazi ukuthini? Kulezinto ezinengi emhlabeni eziqakathekileyo. Futhi enye yalezo zinto yile, ulayo kanye lawe lamuhla, ngumphefumulo ongaphakathi kwalowo mzimba. Futhi yiyo into eqakathekileyo kakhulu emhlabeni, kuwe. Kunjalo na, mama? Wothi, “Ameni.” [Omama bathi, “Ameni.”—Mhl.] Into eqakathekileyo kakhulu olayo ngumphefumulo wakho. Futhi manje nxa ugcina umphefumulo wakho, khona-ke uzalahlekelwa yiwo. Futhi nxa ulahlekelwa ngumphefumulo wakho, khona-ke uzakuwusindisa; nxa ungalahlekelwa ngumphefumulo wakho kuJesu, bona. Ngamanye amazwi, nxa ukholwa kuJesu, uba ungumfundi Wakhe. Futhi-ke nxa unikela impilo yakho kuJesu lapho usasemncinyane njengalokhu, futhi-ke uzaku . . . Uzakuwusindisa eMpilweni engapheliyo. Kodwa nxa u—nxa ufuna ukuwugcina, uzalahlekelwa yiwo; yebo, uzalahlekelwa. Ufuna ukwenza njengamanye lawa amankazana labafana lapha, futhi uphume phandle futhi wenze njengalokho abakwenzayo, khona-ke uza—uza—uzakulahlekelwa yiwo. Kodwa nxa ufuna ukunikela impilo yakho kuJesu, khona-ke uzakuwusindisa okulaPhakade lanininini.

⁶⁶ Manje, likukhumbule lokho manje, ukuthi into eqakatheke kakhulu emhlabeni wonke, ngumphefumulo wakho omncinyane. Futhi nxa uwugcina, uzalahlekelwa yiwo; nxa uwunikela kuJesu, uyawusindisa. Lingakutsho lokho kanye lami? Nxa... [Abafana lamankazana balandezela emva kukaMfowethu Branham—Mhl.] Wothini, “Nxa ngiwugcina, ngizalahlekelwa yiwo; futhi nxa ngiwnikela kuJesu, ngizawusindisa.” Yikho lokho! Manje likutholile. Akusikho lokho...

⁶⁷ Bonke omama bacabanga ukuthi lokho kulungile, wothini, “Ameni.” [Omama bathi, “Ameni!”—Mhl.] O, kulungile lokho! Lokho kuhle.

⁶⁸ Manje, uyabona, kulento eyodwa ongayenza. Manje, wena yana phambili. Nxa befuna ukwenza njengakho, futhi babe lokwabo abakufunayo okomhlaba... Nxa abafana lamankazana befuna ukuphuma phandle lapho futhi benze izinto, futhi bakhulume izindaba futhi bakhulume izinto ezingalunganga, futhi—futhi baqilibizele lokuntshontsha, lo—lokwenza izinto ezimbi, futhi bekopa esikolo, lezinto, beqhubeka; bayalahlekelwa. Balahlekelwa yiwo. Kodwa nxa ungawunikela kuJesu, abasoze benze lokho, futhi-ke kuzakusindisa. Yikho lokho ofuna ukukwenza. Akusikho na?

⁶⁹ Manje sesizaqala endabeni yethu encinyane. Manje, leso yisisekelo sethu, manje likukhumbule lokho. Manje kasiqaliseni indaba yethu encinyane. Manje, ebantwini abadala, futhi lakubo—obaba labomama, lilalele, lani, manje; lina, ikakhulu lina bomama labobaba. Manje nje... futhi sizaqala. Liyazithanda indaba ezincinyane? Liyazithanda na? O, ngiyazithanda nje! Ikakhulu manje... Liyabala indaba ezinengi ezingasilo qiniso. Kodwa lindaba iliqiniso, iQiniso impela, iLizwi lakho konke. KuseBhayibhilini likaNkulunkulu, ngakho kumele kube liQiniso, bona, ngoba LiLizwi likaNkulunkulu. ILizwi likaNkulunkulu liQiniso.

⁷⁰ “Manje, liyazi,” wathi, “Ngidiniwe kakhulu. Ngi—ngi—ngidinwe okwenele ukufa.”

⁷¹ “Awu,” wathi, “kungani ungayi phezulu esitezi futhi uyelala? Ulale phansi phezulu kombheda omncinyane, isofa phezulu ngale, futhi uyelala.”

⁷² Wathi, “Kodwa, o, ngidinwe kakhulu.” Wathi, “O, sithandwa, ngabe ubone lokho engikubone lamuhla! O, ngi... Mina, lokho... Angifuni ngitsho ukudla kwantambama! O, kubi, ukubona engikubonileyo lamuhla!”

Wathi, “Awu, kuyini lokho okubonileyo?”

⁷³ Wathi, “Awu, angeke ngikutshole, phambi kwabantwana, o, kubi sibili! Minabo, bekukubi!”

“Awu, kuyini lokho okubonileyo?”

74 “Awu, sengisiya phezulu esitezi futhi ngilale phansi okwesikhatshana nje, futhi-ke—futhi-ke emva kokudla kwantambama lapho sesilalise abantwana bonke, khona-ke ngizakutshela lokho okwenzakele lamuhla.”

“Kulungile,” watsho.

75 Futhi phezulu esitezi waya. Walala phansi. “O, ngidinwe kakhulu! O, minabo!” Liyakwazi ukuthi ubaba unjani lapho ediniwe, ukudinwa nje sibili!

76 Futhi emva kwesikhatshana, inkazana encinyane elamehlo akhazimulayo, yaqala ukugijima esibuyeni, futhi wakhulumela phezulu kancinyane. Wathi, “Sh-sh-sh, sh-sh-sh, ungakwenzi lokho. Uzavusa ubaba. Futhi, o, udiniwe sibili waze wa—wafuna ukufa. Wayengafuni ukuphila njalo. Futhi nxa ubaba engadinwa kangako, awu, kumele simuyekele alale okwesikhatshana. Lingamvusi.” Futhi uMirihamu omncinyane, uyahamba ngalapho futhi ahlale phansi, ukuba athule sibili.

77 Futhi emva kwesikhatshana wayeseqedile ukulungisela ukudla kwantambama, ngakho wayesekhwela isitezi futhi wa—wambiza, “Amramu?”

78 Futhi wathi, “Yebo, Jokebedi, lapha. Ngiyeza phansi.” Ngakho behla phansi emastebhisini, liyazi, futhi badla ukudla kwantambama okuhle.

79 Ngakho emva sebedlile ukudla kwantambama, omncinyane—omncinyane umfana lenkazana encinyane basebedlile ukudla konke kwantambama, ngani, babe... umama wakhuphela izinto khatshana futhi wasebabeka embhedeni.

80 Futhi-ke uyangena ekamelweni, yena lomkakhe, futhi bahlala phansi. Wathi, “Awu, manje, bekuyini lokho okubone lamuhla, Amramu, lokho okukwenze uphambaniseke ka—kangaka lobubusuku, okokuthi ubungasafuni lokuphila?”

81 “O,” wathi, “sithandwa, ka—kangikuzwisisi nje.” Wathi, “Ngabona...Awu, sikubona nsukuzonke, kodwa lamuhla bekubalulekile.” Wathi, “O, ngi—ngibone okubi kakhulu engingakaze ngikubone.” Wathi, “Abafana bethu abahawulayo, abanye babo abangedluli iminyaka elitshumi lambili ubudala, bedonsa leyo nqola enkulu endala, lentambo entanyeni zabo njenga *lokho*. Futhi labo bantwana abahawulayo babedonse baze bangasayenelisi ukudonsa njalo, phezulu kulowo mqanso omkhulu, lawo matshe amakhulu ngemuva lapho, futhi babengasanelisi ukuqhubekela phambili. Futhi emva kwesikhatshana inqola yaqala ukugedezela futhi yahamba kancinyane sibili, futhi emva kwesikhatshana yama. Phansi emgwaqweni kwabuya indoda, o, eluhlanya! Waklabalala, ‘Kungani limisa linqola?’ ‘Wham!’ ngaleyo michilo emkhulu emidala esanyoka, futhi etshaya emhlane, futhi igazi

lageleza emhlane yabo, futhi lageleza phansi njengalokho. Futhi labo bantwana abahawulayo babambelela kulintambo futhi bakhala.” Wathi, “O, Jokebedi! Kuyini esingakwenza, mama?” Wathi, “Singabantu bakaNkulunkulu. UNkulunkulu wasibusisa. Singabantwana bakaAbrahama, uIsaka, loJakhobe. Futhi kungani kumele sibe yizigqili phansi lapha kulezi izinto? O, kubi ukuthi bakhala kanjani labobafana abahawulayo. O, futhi ngiyakhuleka lokukhuleka lokukhuleka, Jokebedi, futhi kukhangeleka njengokuthi uNkulunkulu nje akangizwa. Ngiyakhuleka futhi ngiyakhuleka, futhi kungathi Ufulathelisa indlebe engezwayo, Akangizwa lakancinyane. Kungathi akalandaba njalo futhi.”

⁸² “Manje,” wathi, “khangela, Amramu, lokho akuzwakali njengawe. Ungubaba uqobo, futhi wena . . . Lokho akuzwakali njengawe, ngoba uhlezi usikhuthaza, usitshela ukuba sibelokholo kuNkulunkulu.”

⁸³ “O, kodwa, sithandwa, lapho ngikhuleka kangako, futhi lokhe uNkulunkulu engangizwa, futhi kungathi kuyedlulisa kusiba kubi sonke isikhathi. Ngisengeza ukukhuleka, kuba kubi ngamandla.”

⁸⁴ Kodwa, bafana abancinyane lamankazana, ngabe uNkulunkulu esizwa umkhuleko na? [Abafana lamankazana bathi, “Yebo.”—Mhl.] Uyezwa umkhuleko. Ngabe uNkulunkulu ephendula umkhuleko na? [“Yebo.”] Yebo. Ngabe Ephendula ngokuphangisa na? Hatshi ngesikhathi sonke. Ngabe Ekwenza na? Hatshi. Kwesinye isikhathi Usenza silinde. Kunjalo na? [“Yebo.”] Kodwa, uNkulunkulu uyaphendula umkhuleko, Akaphenduli na? Futhi ngoba nje yonke into ayihambi kuhle, leso kayisiso sibonakaliso simele ukuthi sitshiye ukukhuleka. Siyaqhubeka sikhuleka, kungenani, asikwenzi na? Kunjalo. Manje, liphendule kuhle. UNkulunkulu uyaphendula umkhululeko. Asikhulumeni sonke kanyekanye. “UNkulunkulu uyaphendula umkhuleko.” Yebo. Kungenani ukuthi izimo ziyini, Uyaphendula, kungenani. Kulungile.

“Awu, ususiya phezulu ukuyakhuleka njalo?”

⁸⁵ “Yebo.” Futhi ubaba wayekamelolensitha khonale phezulu endlini yaphezulu lapho ayesiya khuleka khona. Ngakho uyafika phezulu lapho lobobusuku, uguqa phansi eceleni, wathi . . . Manje wathi, “Jokebedi, manje wena qhubeka futhi uhambe uyelala, wena labantwana. Ngoba, ungangihluphi, ngizakukhuleka mhlawumbe ubusuku bonke.”

⁸⁶ Ngakho waguqa phansi ngamadolo akhe, futhi ekhuleka ekhuleka. Ngiyambona ephakamisa izandla zakhe, futhi esithi, “O Nkulunkulu kaAbrahama, Isaka, njalo lokaJakhobe, khumbula isithembiso Sakho ebantwini Bakho! Nanku silapha khona phansi lapha eGibhithe, futhi singaphansi kobugqili. Futhi, o, abancindezeli bethu abalolunya baya—bayasiqhuba

ekwenzeni izinto, lokusitshaya ngalapho, labantu bethu abahawulayo baya—bayahlutshulwa babeze, futhi bayasibhula ngemichilo. Futhi singabantu Bakho. O Nkulunkulu, ngeqiniso Uyakuwuzwa umkhuleko! Sibili Uyakuphendula umkhuleko! Futhi ngiyakhuleka lokukhuleka lokukhuleka, futhi Ungazathi Awungiphenduli. Kodwa, Nkulunkulu, ngiyakholwa ukuthi UnguNkulunkulu, futhi Uzacina usuphendule umkhuleko.” Futhi waqhubeka ekhuleka kanjalo, phose ubusuku bonke.

⁸⁷ Futhi ukusa okwalandelayo, phose ngehola lesithathu kumbe elesine nta, uyehla phansi amastebhisi amancinyane. Futhi uyakhangela khona-le, futhi lapho kwakulomkakhe omuhle omncinyane, uJokebedi omncinyane. Wayelapho embhedeni elele. Futhi uAroni omncinyane loMiriYamu omncinyane babevele sebebekiwe embhedeni, ngakho babelobuthongo nje obukhulu, futhi sebelele. Kulungile. Uthi kuye. . . Wathi, “Akusela sikhathi, futhi nje ususiba. . .”

⁸⁸ “Yebo, ngikhuleke ubusuku bonke.” Amehlo akhe ayegcwele inyembezi, ngoba wakhala ngenxa yabantu.

⁸⁹ Futhi wathi, “Khangela, Amramu, ungazithwalisi nzima ngakho.”

⁹⁰ “Manje,” wathi, “lalela, sithandwa. Lokho kuhle. Kodwa manje khangela, ulabantwana ababili bokukhulisa lapha. Futhi umthwalo ungowami. Nxa omunye umuntu engakhulekeli abantu bethu abahawulayo, kuyini okuzakuba yikho ngabo? Kuzakwenzakalani nxa omunye umuntu engasoze abe labantu enhliziyweni? Omunye umuntu kumele akhuleke.”

